JORNADA INTERNACIONAL DE LUCHA ANTI-IMPERIALISTA
JOURNÉE INTERNATIONALE DE LUTTE ANTIIMPÉRIALISTE
INTERNATIONAL WEEK OF ANTI-IMPERIALIST STRUGGLE
JORNADA INTERNACIONAL DE LUTAS ANTI-IMPERIALISTA
الأسبوع العالمي للنضال ضد الإمبريالية

Basebenzi Besifazane Bomhlaba Bumbanani Nilwe Nombuso wama impiriyali Ngosuku Lwabesifazane Lomhlaba Wonke

Mashi 8, 2021

NgoSuku Lomhlaba Wonke Lwabesifazane, thina, mimbutho yomphakathi kanye nezinhlangano kwiViki Lamazwe omhlaba Lokulwa Nama-Impiriyali, siqinisekisa ukuzibophezela kwethu emzabalazweni wenguquko wokulwa nokucindezelwa kwabesifazane, ubukholoniyali, kanye ne-imperialism kuwo wonke amagumbi omhlaba.

Igqugquzelwe yimizabalazo elwa nama-fascist kanye nomzabalazo ne-proletarian wabasebenzi besifazane,ukubungazwa Kosuku Lwabesifazane Umhlaba wonke kunguphawu olubalulekile ezinhlanganweni zoguquko emhlabeni wonke ekuhlanganyeleni empini yabo yamazwe omhlaba nokucindezelwa kwabantu besifazane, ubunxiwankulu, kanye nama impiriyali.

Thina besifazane sihole imizabalazo yokukhululwa ngaphansi wombuso wamakholoni, ukuqedwa kobugqila, ukuketulwa kwamakhosi, nokwehlulwa kobu-Fascism, kepha sisaqhubeka nokubhekana nokucindezelwa ngokobulili, ukukhishwa inyumbazane, kanye nodlame ezandleni zombuso kanye nongxiwankulu, kanye nasemakhaya, ngakho-ke usuku Lwabesifazane Lwamazwe Ngamazwe luhlala luyisimemo esiphuthumayo sokuqhubeka nomzabalazo wokulwela amalungelo wabesifazane kuze kube yilapho bonke sebekhululekile embusweni kuqedwe inzamalizi, impiriyali kanye nembuso ecindezela abantu besifazane.

Ngalo Mashi, 8 2021, sinonyaka ngemuva kwethu wezinkinga ezingakaze zibonwe ngaphambili, ukujula kokuhlukumezeka okudalwa ngama-impiriyali kubantu abasemzabalazweni emhlabeni jikelele, kanye nokukhuphuka ngamandla kombuso wangakwesokudla. Abesifazane bebelokhu bethwele kanzima ngalesi sikhathi senkinga, futhi sesibhekane nodlame olunzima kakhulu kuwo wonke amazinga.

Ukukhula bobumpofu obubhekiswe kwabesifazane emhlabeni jikelele, singabokuqala ukuhlupheka ngenxa yezinkingazomnotho, odadewethu abaningi baxoshwa emsebenzini, labo abaziphilisa ngemisebenzi engahlelekile bona balahlekelwe izindlela zokuziphilisa. Sibhekene nokuxhashazwa okuphindwe kathathu ngaphansi kohlelo labongxiwankulu njengoba silwela amaholo kanti futhi, ezikhathi eziningi, umsebenzi wokunakekela amakhaya ubhekene nathi, lo msebenzi uye wakhula futhi wanda ngaphansi komthetho wokuzivalela kanje nokuvalwa thaqa kwezwe..

Ngesikathi amazwe ongxiwankulu ejaha ukusindisa umnotho wawo, bashiye abasebenzi abahlinzeka ngezidingo eziyisisekelo zempilo yabantu ukuthi bafake izimpilo zabo engcupheni. Abesifazane bakha iningi lalabo abasebenza kulezi zimboni-

ubuhlengikazi, ukunakekelwa kwezingane, ukunakekelwa kwabantwana, ukudla okunomsoco, imfundo, kanti futhi singabokuqala ukuba sengozini njengoba siqhubeka nokusebenza ezimeni zobungozi zobhubhane ukusimamisa inqubeko mpilo kanye nokunakekela izigidi ezihaqwe ukugula.

Ngaphandle kokwanda okukhulu komsebenzi wasekhaya nomsebenzi wokunakekela, okuyimsebenzi ebalulekileekusekeleni impilo, kodwa igalelo labantu besifazane aliqhakambiswa ngaphansi kobudlelwano phakathi kongxiwankulu nohlelo lokucindezelwa kwabesifazane okuxhumene nokufihlwa kwegalelo labantu besimame ekukhiqizeni umnotho wamazwe.
kusenjalo, ukuvalwa qatha kwezwe nezinkinga zomnotho, udlame olubhekiswe kwabesifazane selukhuphuke lwafika emazingeni amasha. ukulinganiselwa ekuhambeni nokuvakashelana kanye nokuvalwa kwezikhungo zomphakathi emazweni ongxiwankulu kushiye labo nodlame kanye nohlukumezeka ngokomqondo kanye nangokomzimba benamathuba abancane kakhulu kunakuqala.

Siyaqhubeka nokulwela ukubusa phezu kwemizimba yethu, emakhaya, ukumelana nombuso,, uhlelo lwezokwelapha nezindawo zokusebenzela, ikakhulukazi ngalesi sikhathi, njengoba umbuso yangakwesokudla uqhubheka nokulawula imizimba yabantu besifazane kulezikhathi zobhubhane.

Ngesikhathi sobunzima bomhlaba wonke, i-US Imperialism kanye nababambisene nayo bazikhombisile ukuthi abanandaba nokusinda kweningi labantu emhlabeni jikelele, nangaphakathi kwemingcele yabo. Njengoba impi eyi-hybrid, unswinyo, kanye nempi kuyanda, singabokuqala ukubhekana nokushoda kokudla, amanzi, nemithi, izimpi ezihlomile, kanye nokufuduswa kwabantu. Njengoba ukungena kombuso wama-impiriyali endaweni negunya kukhula, odadewethu baphoqeleka ukuba bangene emajele ama-impiriyali lapho bathola khona ukugcinwa isikhathi eside nokuhlukunyezwa njengeziboshwa zepolitiki. Njengoba imingcele ivalwa futhi nobhubhane lubhebhetheka, labo bethu abangabokufika nababaleki babhekana nale nkinga ngokungaqiniseki nangengozi kumkhathizwe. Futhi njengoba amandla obuqili nabaphiko umboso wangakwesokudla eqina, sibhekene nokwehliswa kwamalungelo ezenhlalo nezombusazwe anqotshwa kanzima amashumi eminyaka eyadlula omzabalazo wabesifazane.

Kodwa-ke, yithina besifazane- abampofu, abaMnyama, aboMdabu, abakofika, nabesifazane abasebenzayo- esihola futhi silwe phambili ephambili emzabalazweni wokulwa ne-imperialism! Amandla ethu okumelana aqhubeka nokukhula, futhi nemizabalazo yabesifazane, izinguquko nabasebenzi besifazane abakha izinhlangano zethu kanye nokunyakaza kwethu, banqobe ukunqoba okuningi yize bekunzima kulezi zinyanga ezedlule. Kusuka kubantu besifazane abaguqulayo abahola ukugqugquzela ukulwa nodlame lwangakwesokudla, kuya kodadewethu abagxilile abalwela

ukukhululwa kwePalestine neWestern Sahara emelene namabutho amaZionist kanye nawombuso wamasosha kanye nokunakekelwa kwezempilo kwabacindezelwe, kanye nabesifazane abayizishoshovu abahola umzabalazo wokulwa nobandlululo olwa namaphoyisa nodlame lwamasosha emhlabeni wonke, siyaqiniswa yimizabalazo yabesifazane yokulwela umbuso ehola indlela eya esikhathini esizayo.

Umzabalazo wokulwa ne-imperialism, nokucwasana ngokobuhlanga, ubukoloniyali kanye nobungxiwankulu, ngeke uliwe ngaphandle komzabalazo wokulwa nokucindezelwa kwabesifazane futhi ngaphandle kokubamba iqhaza okuphelele kanye nobuholi besifazane!

Basebenzi Besifazane bo Mhlaba Wonke, Hlanganani!